**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2½ Amahora**

**IMIKLOMELO: 120**

**IMIYALO:**


- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Esigabeni A khetha isihloko esisodwa ubhale ngaso ugcwalise ikhasi nengxenye ukuya kwamabili.
- Esigabeni B khetha isihloko embuzweni ngamunye okulesi sigaba.
- Esigabeni C khona khetha uphendule umbuzo owodwa VO.

**UMBUZO 1**


**IZINDABA**

Khetha isihloko esisodwa ubhale ngaso indaba engaba ikhasi nengxenye ukuya kwamabili noma amagama angama-450-550.

1.1 Buka nasi esinye sezithombe zesibhicongo esenziwa amagagasi eTsunami phesheya, nesadala umonakalo ongelinganiswe nalutho. Bhala indaba ngemizwa ekufikelayo. Nikeza indaba yakho isihloko.



1.2 Nasi isithombe esinezimpawu zeNingizimu Afrika entsha. Bhala indaba ngemizwa ekufikelayo lapho usibuka. Ungatusa noma ugxeke. Yipha indaba yakho isihloko.




1.3 Woza 2010!!! Kodel'uMakhasana!

1.4 Buka le mifanekiso engezansi, bese ubhala indaba ngomshado wesintu nowesilungu. Ingabe kungcono umshado wesintu, noma owesilungu? Xoxa ngemibono yakho ubhale nesihloko sendaba osithandayo.



**Isithombe A**



**Isithombe B**

1.5 Ithi ingahamba idle udaka.

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2

### IZINCWADI

**Khetha incwadi eyodwa kulezi ezilandelayo ubhale ugcwalise ikhasi elilodwa vo noma amagama ayi – 180 – 200 ngaphandle kwamakheli nesibingelelo.**

2.1 Uhambele kwa-Telkom, ebhange, emsakazweni, nasehhotela, wenza ucwaningo ngomsebenzi ozowenza uma usuqedile esikoleni, Bhalela **umngani** wakho umxoxele ngezinhloso zakho.

**NOMA**


2.2 Seninesikhathi nakhile kule ndawo, kodwa azikabibikho izindawo zokuzithokozisa. Bhalela **uMphathi-Dolobha w**akini umcele anakhele indawo yezingane yokuqeda isizungu. **[20]**

### UMBUZO 3

### IZINCWADI EZEDLULISA IMILAYEZO

**Khetha isihloko esisodwa ubhale ugcwalise ikhasi noma amagama ayi – 180 – 200.**

3.1 Umngane wakho lona olele phansi kulesi sithombe esingezansi. Bhalela uMphathi Wezokuthutha **imemorandamu,** ukhononde ngabashayeli abashayela bephuze amanzi amponjwana, okuholele kulesi simo esisesithombeni.



**IsiZulu Soqobo 6: 1988: 32**

3.2 Ungunobhala enhlanganweni yenu yomakhelwane, iSizanani. Beninomhlangano wezakhamuzi nekhansela lendawo maqondana nokufakwa kwamamitha amanzi emagcekeni emizi yenu. Kulowo mhlangano kuthiwe namanzi senizowakhokhela. Bhala **amaminithi** alowo mhlangano.

**[20]**

**UMBUZO 4**

**Khetha isihloko <u>esisodwa</u> kulezi ezilandelayo ubhale ugcwalise ikhasi noma amagama anga – 80 – 100**.

4.1 Njengoba sekungunyaka wakho wokugcina lona esikoleni, kanti nabazali bakho abanayo imali yokuthi bakuse eyunivesithi, sekumele uyosebenza. Bhala **uhla lwakho lokuzazisa (CV**) ozoluthumela lapho luzodingeka khona.

4.2 Ubuvakashelwe ngumngani wakho ezokukhombisa incwadi ayibhalelwe yinkampani ememukelayo emsebenzini. Ngeshwa uyikhohlwe kuwe leyo ncwadi. Mthumelele yona **ngesihlanzamagama (fax),** ukuze ayithole ngokuphazima kweso. **[10]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [50]**

**ISIGABA C**

**UMBUZO 5**
**UBUCIKO BOMLOMO**

Phendula umbuzo <u>owodwa vo</u> kulesi siqephu.

***Inkosi yinkosi ngabantu* – C.T. Msimang**

5.1 5.1.1 Bubaluleke ngani ubuciko bomlomo? Nikeza okubili. (2)

5.1.2 Zixoxelwani izinganekwane ebusuku? Nika okubili. (2)

5.1.3 Ziyini izithakazelo? (2)

5.1.4 Nika izibonelo zeziphicaphicwano ezilandelayo:

(a) Isiphicaphicwano sesimanje kanye nempendulo yaso. (2)

(b) Isiphicaphicwano samandulo kanye nempendulo yaso. (2)

5.1.5 Nikeza imisebenzi yeziphicaphicwano ibe mibili. (2)

5.1.6 Ngaphandle kokubongela abantu, kuyaye kubongelweni? Nikeza izibonelo ezimbili. (2)

5.1.7 Bubizwani lo buciko bomlomo obulandelayo:

(a) Inkondlo emfishane yokuthunduzela umntwana. (1)

(b) Ingxoxo emfishane edingida izehlakalo ezithile ezithinta abalingiswa. (1)

5.1.8 (a) Uthini umxoxi wenganekwane uma eyiphetha inganekwane? (1)

5.1.9 Nika imisebenzi yezaga ibe mithathu. (3)

5.1.10 Ake unike isibonelo sesaga esisongelayo. (1)

5.1.11 Yimuphi umehluko okhona phakathi kwesaga nesisho? Nika okubili. (4)

5.1.12 Siyini isisho? (1)

5.1.13 Nika izinhlobo ezintathu zezinganekwane. (3)

5.1.14 Yini isilandelo? (1)
**[30]**

**NOMA**

5.2 Chaza lezi zinhlobo zezinganekwane ezilandelayo unike nezibonelo zakhona:

5.2.1 Inganeko (10)
5.2.2 Insumansumane (10)
5.2.3 Umzekeliso (10)
**[30]**

**NOMA**

## UMBUZO 6

## IZINDABA EZIMFUSHANE

***Umlabalaba* – O.E.H.M. Nxumalo**

6.1 Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqeshana A:**

> Buyel' Ekhaya – N.S. Ntuli
>
> Namuhla yisonto elikhulu lapha eNqoleni. Sebeyanyakaza lapha ekhaya kwaNgema. Kuyagqigqizelwa. Uyedwa nje umuntu ozithele ngabandayo. NguBongani, indodana endala yalapha ekhaya. Sebemncenge baze badela abazali kodwa kuvele kufane nokuthi bathela amanzi edadeni nje. Sengathi kukhona ifu nje elilengela phezu kwakhe. Libuye limuthi ngci kube sengathi akasaboni lutho, akasezwa lutho. Livele lidume nje ikhanda. Namazwi alaba abaphumayo lapha ekhaya sebeya esontweni uwezwela kude le.
> Asukume kancane, ahambahambe aze ayophuma ngesango. Amehlo alokhu ethe njo phansi. Nanguya eyoqoshama ngaphansi komuthi laphaya ngasemfuleni. Amehlo ahlale emanzini acwebezelayo ashelela emadwaleni aze ayongena ekhwanini laphaya mazansana.

| | | |
|---|---|---|
| 6.1.1 | Yiziphi izigameko ezenzeke kuBongani ezenza kube yisonto elikhulu nakuye leli? | (3) |
| 6.1.2 | Shono inkinga ebhekene noBongani. | (2) |
| 6.1.3 | Ake usho udweshu olutholakala kule ndaba emfishane. | (2) |
| 6.1.4 | UBongani wayengumuntu onenkani, fakazela lokhu ngokutomula izigameko ezimbili endabeni | (2) |
| 6.1.5 | Shono kube kubili okwaguqula uBongani agcine esewathanda amabhinca. | (2) |
| 6.1.6 | Yini eyayenza izintokazi zase Yunivesithi zibedelele oBongani? | (1) |
| 6.1.7 | Ikuphi ingwijikhwebu kule ndaba emfishane? | (2) |
| 6.1.8 | Yangena kanjani inkolo kwaNgema? | (1)<br>**[15]** |

**Pheqa ikhasi**

**Isiqeshana B:**

> Kusuke esinamathambo isidumo. Bonke sebewotha ubomvu. Sebefuna ukuzifikela mathupha kuXolani osehlahle amehlo. Laba abaseduze kwakhe sebembambe ngesidlozana, basho ukumudla bamfele. "Kahleni bakwethu! Ningajahi ukumsebenza uXolani. Ngiyazi ukuthi kuyacasula khona ukuthi sithi sizitshela ukuthi sonke size ngobunye kanti kukhona oze ngobunyoka. Kodwa-ke kufuneka ubufakazi kuqala," kusho umphathisihlalo ezama ukuphebeza abantu asebewotha ubomvu.

6.1.9 Tomula ibinzana lamagama esiqeshini elichaza ukuthi abantu babethukuthele kakhulu. (1)

6.1.10 Yini eyayibanga uvalo kuKhumbulani? (2)

6.1.11 Ngobani abantu okwakuyibona zinyoka ngempela? Sekela impendulo yakho ukufakazela okushoyo okwavela ekugcineni kwendaba. (4)

6.1.12 Ake unike izindlela zibe ntathu uXolani ababezomsebenza ngazo. (3)

6.1.13 <u>Sifundo</u> sini esitholakala kule ndaba emfishane. Fakazela okushoyo ngokutomula izigameko ezisendabeni. (2)

6.1.14 Ngokubona kwakho yisiphi isizathu esenza uXolani ahluleke ukuzikhulumela. (1)

6.1.15 Ubufakazi obethulwa nguKhumbulani bokuthi uXolani uyimpimpi ngempela yibuphi? Chaza ukuthi wabenza kanjani? (2)
**[15]**

**NOMA** **[30]**

6.2 Hluza indaba emfishane ethi isikhala sokufundela ubuthishela ngaphansi kwemigomo elandelayo:

6.2.1 Isigameko esisodwa. (5)
6.2.2 Isikhathi. (5)
6.2.3 Indawo. (5)
6.2.4 Abalingiswa. (5)
6.2.5 Ukuchaza nokuphendulana. (5)
6.2.6 Inkulumo. (5)

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE 120**

**ISIPHETHO**